

UMLAZI EYETHU

DR B MANUKUZA
GENERAL PRACTITIONER FAMILY DOCTOR

GYNAECOLOGIST • SONOGRAPHER • PHYSIOTHERAPIST
DENTIST • PSYCHOLOGIST • SOCIAL WORKER
OPTICIAN • OCCUPATIONAL THERAPIST • OPHTHALMOLOGIST
GENERAL PRACTITIONER • FAMILY DOCTOR

235 SIMELANE DRIVE • AA SECTION
TEL: 031 909 1848 • FAX: 031 909 4825
EMERGENCY ONLY: 083 565 3832
www.neucare.co.za

OPEN 7 DAYS A WEEK / ON HOLIDAYS

Lisungulwe Ngo 2011 • 30 000 Wamakhopi Masonto Onke • 03 Febhuwari 2017 • Ushicilelo Lwe 269

MAHHALA • FREE

SIYATHOLAKALA NAKWI WEBSITE: WWW.EYETHUNEW.S.CO.ZA

ULANYULELWE NGAMAPHOYISA UTHISHANHLOKO

Sabelo Ngema

Intatheli ihlangane nothishanhloko esangweni esephuma wathi kunodaba ayolulungisa, izikole zihleli ngaphandle kwamakilasi, zingafundi.

Lothisha okhulume nale liphephandaba uthi akusemmandi ukufundisa kulesi sikole ngoba uthishanhloko akafuni ukulungisa izinto.

“Wake wasibona isikole esingenazo izicabha emakilasini, emathoyilethe, amawindi afile, isikhotha sikhulile kodwa abafundi bayayikhokha imali unyaka wonke, leyo mali ayanele ukuthi kungalungiswa izinto ezithile,” kusho uthisha.

Amalunga ekomidi elibhekele isikole athi aweneme ngendlela uthishanhloko aphephe ngayo.

“Kusukela ngonyaka odlule siqalile ukusebenza kodwa amabhuku sinikezwe wona ngoNovemba.”

“Thina ngonyaka odlule sifice kukhona uR3000 kwi-akhawunti yesikole, uthishanhloko uqashisile ngendlela okufanele ihlale umqaphi waso, kodwa izingane ziyakhokha minyaka yonke.”

“Ushintsho esesilwenzile kusukela ngoDisemba, wukwakha isikhwama sesikole, imali yaso esidlulile kuR100 000 njengamanje,” kusho ilungu lekomiti.

Baqhubeka bathi okubaphatha kabi kakhulu nokubadinayo



Abafundi base Naleni High School basale dengwane ngenkathi bedikilwa othisha ngoba bengakhokhelwe imali yetoho ngeledlule. Isithombe: Sabelo Ngema

wukungasebenzisani kahle nothishanhloko okwenziwa wukungathembeki kwakhe.

Ilunga lomphakathi uMnuz Thulani Dlamini uthi kungcono uthishanhloko abeke phansi izintambo.

“Akavele ashiye isikole ngoba siyamhlula, uthishanhloko akafuni ukusebenzisana kahle ne-SGB yesikole, sengixabane kaningi naye ngizama ukumbonisa,” kusho uMnuz Dlamini.

Okhulumela uMnyango

wezeMfundo KwaZulu-Natali uMnuz Sihle Mlotshwa uthi ngokwakhe ubengakaluzwa udaba olunjengalolu.

“Sicela kulethwe bonke ubufakazi emahhovisi esifunda obufakazela lokhu okushiwo ngothishanhloko.”

“Udaba olufana nalolu ngeke siluthathe kancane ngoba lusemqoka nathi, sizolusukumela phezulu,” kusho uMnuz Mlotshwa.

Imizamo yokuxhumana

nothishanhloko aziphendulele ngalo ludaba, ihlulekile kwaze kwafika isikhathi sokushicilela.

Uthunyeleliwe nemibuzo nge-sms kodwa akaphendulanga. Oshicilelweni olulandelayo sisazomnika ithuba lokuziphendulela.

THOLA IKHOPHI KASIMAMA NGAPHAKATHI

SIMAMA

XHUMANA NAMI UMA UFUNA UKUKHANGISA KULELIPHEPHANDABA



Thobile Blose
Tel: 031 716 4525
Cel: 079 227 8383

UMLAZI
EYETHU

SIYATHOLAKALA NAKWI WEBSITE: WWW.EYETHUNEW.S.CO.ZA

MAHHALA • FREE

ITHEKU LIVULE EYABANOLI BESIFAZA (Ibahambele kahle eyabesifazane)

KUGOBHOZE EZENJABULO KUZIME WETHEKU 2016

BALIQALE NGOKUVOTA KANJE IKUSASA LABO

ZISHE ZANGQONGI IZITHANDANI EMJON KWA-P

THOLA IKHOPHI KASIMAMA

ULTRA KIDNE

CARING TOGETHER ISIPINGO HOS

DR B MANUKUZA

UMLAZI
EYETHU

ADVERTISING EYETHU

Maximise your profits and
Increase your exposure!

Advertise in Umlazi
Eyethu!

Call one of our friendly
consultants to structure a
deal to suit you!



Sales/Advertising
Musa Shongwe
ad1@eyethukzn.co.za
Tel: 031 716 4426
Cell: 063 0220 233



Sales/Advertising
Thobile Blose
thobile@eyethukzn.co.za
Tel: 031 716 4525
Cell: 079 227 8383

EDITORIAL EYETHU



Ingosi yomhleli

Write to the Editor, send your
letters to

nash@eyethukzn.co.za
or drop off at 115 Escrom
Road, New Germany, 3610
or Fax: 031 716 4532
Tel: 031 716 4534

Uma unenkinga yokungatholi
iphepha shayela lenombolo
yamahala:
0800 4444 66

Sabelo Ngema
news1@eyethukzn.co.za
031 716 4402
Cell: 078 505 6215

Thobile Zwane
news2@eyethukzn.co.za
031 716 4407
Cell: 078 877 1086

Publisher
7 Stranack Street
Pietermaritzburg • 3201

capital media group

**Izinombolo Zosizo
Oluphuthumayo**

SAPS: 10111
Traffic: 080 131 3013
Fire: 031 717 0000
Water: 080 131 3013
Power: 0801 313 3111
Waste: 031 311 8804

ABAZALWANE BAGQUGUZELWE NGEMFUNDO



*Abazalwane bebandla lase
Oasis of Life Family kwa A
ngeledlue. Isithombe: Sabelo
Ngema*

*UProfessor Fikile Mtshali
ofundisa e-University of
KwaZulu-Natal (UKZN),
obeyisikhulumi sosuku
eBandleni lase-Oasis of Life
Family ngeledlue. Isithombe:
Sabelo Ngema*

Sabelo Ngema

ABAZALWANE base-
Oasis of Life Family Church
bagquguzelwe ngemfundo
emcimbini wokukhuthazwa
kwamalungu ebandla ngemfundo
aze athole imiyezane.

Lo mcimbi ubusendlini
yeBandla Kwa- A eMazi
ngeSonto.

UMfundisi weBandla
uMnuz Khaye Mtshali oneziq-
ze-Hounours kwi- Industrial
Psychology uthi njalo uma kuqala
unyaka bavamisile ukwenza lo
lusiko lokugquzelwa ukuthi
abantu bathande imfundo.

“Sibonga intsha yale
libandla okuyiyona eqhamuke
nalento yokufaka amajazi
ukuze kugquzelwe imfundo
ebandleni,” kusho uMfundisi
Mtshali.

Unkosikazi kaMfundisi
uProfessor Fikile Mtshali ofundisa
e-University of KwaZulu-Natal
(UKZN) obeyisikhulumi sosuku
ukhuthaze abazalwane ngokuthi
bangazenyazi, bafunde ngoba
isikhathi esiphila kuso sidinga
umuntu ofundile.

“Abantu mabafunde
besebancane, thina njengabazall
sibagquguzele ngaso sonke
isikhathi ukuze bakwazi
ukuzimela empilweni.”

“Asibe ngusawoti wezwe,
sibeyisibani esikhanyisa
ebumnyameni,” kusho uProf
Mtshali.

Ufunde izwi elisencwadini
ka-Isaiah 9 ivesi lokuqala.

Uqhubekile waluleka
amakholwa ngokuqhubeka
nokuthanda uNkulunkulu ngaso
sonke isikhathi.

“Impilo isifundisa ukuthi
asisebenze singalali kakhulu
ukuze siphumelele. Abantu
bayamhlonipha umuntu
oyisifundiswa,” esho.

Zonke izifundiswa
bezihlaliswe ngaphambili.

Kube sekukhulekelwa
bonke abafundi endlini nalabo
abebefake amajazi.

Bathembisa ukuthi
basazophinda bawenze futhi lo
mcimbi phakathi nonyaka ngoba
kunabazophothula izifundo zabo
bagqoke amajazi okokuqala.

ISIMO SEZULU

Day	Min	Max	Wind
Thursday	22°C	32°C	NW
Friday	22°C	27°C	S
Saturday	22°C	31°C	NE
Sunday	21°C	27°C	NE

IZINKANYEZI

SCORPIO (Oct 23 - Nov 21)

Lo lusuku lungeza ukuthambekela
ezimfihlweni nokuba nenkinga kanti
kuzokunxusa ukuba ubalekele izindawo
eziphithizelayo. Akumele uphile impilo
ekasebenzisa kakhulu.

SAGITTARIUS (Nov 22 - Dec 21)

Umhlango nozakwenu kanye nabangani
bangampela uzoba nomvuzo kuzekube
sebusuku. Uma unobudlelwano kanye
nokukhangwa ekusaseni eliqhokazile,
uzobheka ngokuphepha okunethonya
kozwana nabo.

CAPRICORN (Dec 22 - Jan 19)

Ungumuntu othanda okuqokethwe
nesiqondiso sokuthuthukiswa
kwamakhono. Ekuhambeni kwesikhathi
kuzoba nesasasa emihlanganweni noma
isivumelwano esihle.

AQUARIUS (Jan 20 - Feb 18)

Lolusuku luthembisa impumelelo
nokuthandwa. Kodwa kumele uthembele
kulwazi lwakho, ukuchaza, ugqozi lokudala
noma ukhohlo olujulile entweni. Ubufakazi
obusebenzayo bokulunga kwakho ngeke
kuphumelele.

PISCES (Feb 19 - Mar 20)

Osukwini lonke okubalulekile

UMPHAKATHI WAKU-WADI 87 UCOTSHELELWE NGOLWAZI



*Amalunga omphakathi abeyingxenywe yokugquzelwa ngokufunda
nokuthola amathuba emisebenzi kwa-Q ehholo ngeledlue.*

Isithombe: Sabelo Ngema



*IZIHAMBELI zosuku lomcimbi weKhaya Christian Fellowship
Centre obusehholo lakwa- Q ngempelasonto. Isithombe: Sabelo
Ngema*

Sabelo Ngema

KUSIZAKALE umphakathi
wakuWadi 87 ngenkathi
iBandla iKhaya Christian
Fellowship Centre lenze umcimbi
wokugquzelwa umphakathi
ngokufunda uthole namathuba
emisebenzi obusehholo lakwa-Q.

Lo mcimbi obizwa
ngeCareer And Skills Summit
ubungowokuqala ngemuva
kokuthi ngo 2014 ububizwa
ngeBack To School lapho
bekukhishelwa abafundi
imifaniswano yesikole nokunye.

UMfundisi uThomas Radebe
wale liBandla; uthi lokhu
bazoqhubeka nokugquzelwa
amalungu omphakathi
ngokuzibandakanya nemfundo
minyaka yonke.

“Ngokujwayelekile siye
sibize abafundi sibaxhase
ngemifaniswano yesikole, kodwa
kulonyaka senze okwehlukile.”

“Sibize izinkampani
nezikhungo zemfundo ephakeme,
osomabhizinisi bezocobelela
ngolwazi abanalo kubafundi
ukuze kusizakale umphakathi

ngolwazi,” kusho uMfundisi
Radebe.

Uthi lokhu bakwenza
ngokubambisana nekhangela
leWadi uNkk Nomthandazo
Shabalala.

UNksz Nonhlanhla Cebekhulu
oyilungu leBandla uveze ukuthi
abantu abaningi basizakele
ngolwazi kulo mcimbi.

“Abantu basizwe nangokwenza
ama-business plan, ama-CV,
abakwa NYDA bebacobelela
ngamathuba entsheni.”

“AbaseCoastal College,
iMancosa, iBerea Technical
nezinye izikhungo bebazisa
ngezifundo ezikulezi zikhungo,”
kusho uNksz Cebekhulu.

UNksz Phelokazi Nomvalo
osebenza eBerea Technical
College uthi bebezonika
umphakathi ngolwazi uma
abafundi bengasitholanga isikhala
emanyuvesi lokuthi bangeza
kubona.

Umlingisi oyiphoyisa lodumo
kuZalo ogama lakhe langempela
uS'fiso Simamane weluleke intsha
ngamathuba akhona emikhakheni
yezokungcebeleka.

ekuxhumaneni kwangaphandle noma
ukwandisa ulwazi lwakho ngomhlaba
kanye nabantu kuyagcizelelwa. Kuzovulwa
kabusha izinqubo zomthetho ezinde
esezaphela kanye nomathemba amasha
okuhlala ngokushesha.

ARIES (Mar 21 - Apr 19)

Ufuna ukwenza isivumelwano nomuntu
okuzokusiza uhlonipheke, kumele wenze
kanjalo esigabeni sokuqala sosuku. Lapha
yikhona izinkontileka nezivumelwano
kuyizinto eziphusile.

TAURUS (Apr 20 - May 20)

Uzoba nethuba elihle kusukela ekuseni
kuze kushaye ebusuku ukuthuthukisa
ubudlelwano nozakwenu kanye nabaphathi
nokukhuphula izinga lokuqeqeshwa
kojwayelene nabo.

GEMINI (May 21 - June 20)

Ungadinda uma uthola ukuthi abakuvumeli
ukuba ukhulume okusenziliziyweni
noma abanaso isikhathi sombono
wakho ezindabeni. Kuzoba nezinkinga
zemali nezobuchwepheshe ube
ukemgwaqeni; ubuhlobo bakho bungaveza
phambilini ukungezwani obebufihliwe.

CANCER (June 21 - Jul 22)

Umusa, ubulungiswa nokuxolela
kuyizimfanelo ezizokwenza uthandeke
emehlweni abantu. Ukuxhumanana nabo
kuzoshelela kamnandi uma ubukela
izinto kabanzi bese ukhohlwa ulunya
olungenasidingo kanye nokukhathazeka.

LEO (Jul 23 - Aug 22)

Usuku lonke luzoba noshintsho oluningi
lokulhlangana nabantu obathandayo, yenza
izivumelwano ezithize noma nivele nibe
nesikhathi esimnandi ndawonye.

VIRGO (Aug 23 - Sep 22)

Kumele uthathe ikhefu emsebenzini
wakho omatasatasa. Umfutho wakho
uzoklonyeliswa nosizo lwakho
luzobongwa.

LIBRA (Sep 23 - Oct 22)

Uvundle ekuthuleni nomusa. Ngeke
uzwe ithonya noma amathuba ezinto
noma kunjani. Uma ngenza umzekelo,
ukuntuleka kolwazi olubalulekile noma
abantu abangaba wusizo ngokushesha
kuzoba inzuzo nemihlangano elinganayo
kanye nezindaba.

KUBONGWA AMAGALELO OMLACTO KUFUHLWA ICIKO



Iqembu iJust For Joy ebelicula enkonzweni yesikhumbuzo sikaMfanafuthi Chiliza. Isithombe: Sabelo Ngema

Sabelo Ngema

KUBONGWE amagalelo o-Umlazi Arts Culture And Tourism Organisation (Umlacto) ngokwenza amalungiselelo omngcwabo kaMfanafuthi "Nombolo" Chiliza ofihlwe emathuneni aseMbilo emva kwenkonzo ebise-Oasis of Life Family Church eMlazi ngoMgqibelo.

UChiliza oshone emva kokuxinwa yisifo sikanhlangothi ubenamava okuqeqesha amakhono kubaculi ikakhulukazi kowokholo.

Kule nkonzo kubongwe nekhansela lewadi uNomthandazo Shabalala ngokuxhasa lomngcwabo ngokuthile ukuze kube yimpumelelo.

Kuzokhumbuleka kumaciko aseMlazi ukuthi lenkakha ibisanda kuqokwa ukuthi ibeyingxenywe yekomidi lamaciko aseMlazi Umlacto.

Unobhala wenhlangano uMnuz Paul Nzimande uthi bengamaciko aseMlazi balahlekelwe kakhulu.

Okhulumela iqembu futho ongumsunguli uNkk Thembi Dube ubonge bonke abebesekiled kanje:

"Ngiyabonga kakhulu kubo



UFIHLWE ngesizotha uMfanafuthi Nombolo Chiliza obengumqeqeshi we-Just for Joy emva kwenkonzo yesikhumbuzo ebisehholo lakwa-Q. Isithombe:Sabelo Ngema

bonke abasixhasile kusukela ekuqaleni kuze kube usuku lokumbeka endlini yakhe yokugcina," kusho uNkk Dube.

Ubonge Umlacto, ikhansela lewadi, ibandla lakhe, amaqembu wonke abekhona, amalunga omphakathi neqembu lakhe iJust For Joy.

Uqhube wathi bebemthanda kakhulu uNombolo nezingane abeziculisa zimthanda futhi

zimthatha njengomzali wazo, bonke balahlekelwe kakhulu kodwa konke ngokukaNkulunkulu.

Amaqembu abezoduduza umndeni yiJust For Joy, Ithemba, uMalusi Mbokazi, uLetso, i-Aazing Grace, i-African Salvation, Ithimba Le-Africa, Gugu Khumalo, uScelo Ncube wezinkulumo ezakhaya nabanye.

UTHI ABAFUNDI ABAZIMISELE UKUZE BAPHUMELELE



UMBALENHLE Mthimkhulu obefunda Okumhlophe High School ngonyaka odlule Othole umfundaze. Isithombe: Sithunyelwe

Thobile Zwane

UMBALENHLE Mthimkhulu ugquzela abafundi bakwa matekuletsheeni kulonyaka ukuthi bazimisele futhi bazinikele ukuze baphume phambili uma kuphela unyaka.

Lo mfundi obenza amatikuletsheeni e-Okumhlophe High School eMlazi uthole uphase ngo-A ababili esiZulwini nakwiLife Orientation.

Ujabule kakhulu ngokuthi athole umfundaze eMnyangweni wezemiSebenzi yoMphakathi njengoba umvulele iminyango ukuthi ayofunda izifundo ze-Construction Management enyuvesi yasePitoli.

"Ukuzwa ukuthi ngithole umfundaze sekwenze ngakhululeka nangaphakathi kumina ngoba izinkinga zemali azisekho manje, sengizokwazi ukuyofunda," kusho uNksz Mthimkhulu.

Uthi noma engabatholanga o-A kwiMathematics nePhysical Science, lo mfundaze umgquzela ekuphumeleleni gamalengiso uma esefundela iziqu ze-Construction Sector.

"Lena impilo engajwayelekile ukwenzeka futhi ithuba elishintsha impilo futhi linginika izizathu zokuthi ngisebenze kanzima, ngenze abazali bami noMnyango baziqhenye ngami," kusho uNksz Mthimkhulu.

Okhulumela uMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi uMnuz Lunga Mahlangu uthi njengabanye abafundi ngaphandle kube nezinkinga zezimali phakathi kwesikhwama sezimali zokufunda (National Student Financial Aid Scheme, NASFAS) uthi bebengenalo olunye uxhaso abangalubhalisela.

Uthe uMbali ungowesithathu kubo ukuyofunda enyuvesi. Kuqale umama wakhe nodadewabo omdala," kusho uMnuz Mahlangu.

Ugquzulele abafundi bakwamatikuletsheeni balonyaka ngokugxila futhi bazinikele ezifundweni zabo ukuze baphase ngamalengiso.

"Ubunzima bokungatholi uxhaso kungenze ngabona ukuthi manje ngibusisiwe kangakanani ngoba sengithole uxhaso ngokwezimali ukuthi ngiyofunda," kusho uNksz Mthimkhulu.

INJABULO ABAFUNDI BEPHIWA IMIFANISWANO WESIKOLE



Ngakwesokudla umphathi wePhiliswe Community Health Care uNkk Bajabulisiwe Mthethwa enikeza abafundi bakwaWadi 79 imifaniswano yesikole nokudla ngeledlule. Isithombe: Sithunyelwe

Sabelo Ngema

INHLANGANO engenzinzuzo iPhiliswe Community Health Care Organization, esebenzela ehhovisini likaKhansela uS'thenjwa Nyawose inikele ngegilosa nemifaniswano kubafundi bezikole ezahlukeni zakuWadi 79 kwa H ngeledlule.

Okhulumela le nhlangothi uNkk Bajabulisiwe Mthethwa uthi uthanda ukudlulisa ukubonga kwabamxhasile benikela kubafundi nasemndenini eswele.

"Eyokunikela ngokudla sikwenza nyanga zonke emindenini eyi-10 izinyanga ezintathu bese siphinde sikhethe eminye exakekile."

"Sicela usizo lwemali, ukudla, imifaniswano yesikole ukuze sisize izingane zesikole

ezixakekile," kusho uNkk Mthethwa.

Uqhubekile wabonga uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ngokubaxhasa ngoR10 000 yokuthenga igilosa nemifaniswano yesikole.

Le nhlangothi isebenza ngonompilo ukunakekela izidingo zomphakathi ngokubahambisela amaphilisi, ukubanakekela uma begula, ukuthola izinkinga emphakathini nokunye.

Khona lapho ubonge usomabhezini uMnuz Fani Gasa weFani's Food Market kwa-V ngokubaxhasa ngokubathwalela impahla mahhala kanjalo

nekhansela ngokubanika ihhovisi. Ungaxhumana nabo ku-Email: abmthethwa91@gmail.com

Bhuzuzu Contracting Trading Enterprise

Specialising in:
Plumbing, Cleaning, Contracting, Building, Tiling

SUPPLIER

<p>J1062 Umlazi Township P.O Umlazi 4031</p>	<p>Call: Nokulunga dlamini 076 703 8620 RE-REGISTERED</p>
--	--

ICOSATU IKHANKASE NGOLWABASE-RAINBOW

(Sebenikezwe uR1.5 million wokubaphilisa)

Mthandeni Madlala

INGENE yagamanxa i-Congress of South African Trade Unions (COSATU) odabeni lokudilizwa kwabasebenzi bakwaRainbow Chickens (RCL Foods) eHamarsdale ngesikhathi bezolulekwa ngezindlela abangenza ngazo ukuze bakwazi ukuziphilisa emhlanganweni obuKwaMagaba Hall e-Unit 3 ngeSonto.

Lo mhlango obuhlelwe yiFood Allied Workers Union (FAWU) enqume ukuthi bathole ulwazi ngezindlela abangaphila ngazo kubalwa nokuzisungulela amabhizinisi abo.

Lokhu kwenziwe ngokuhlanganiswa kwezinhloko ezahlukene zeminyango yabasebenzi bakwahulumeni okungasalanga nakuwona abaphathi be-RCL Foods.

UMnuz Edwin Mkhize weCosatu usebenzise leli thuba ukuhlangana nabasebenzi bakule nkampani emuva kokuba iCosatu ilaxazwe yiFAWU ngonyaka ophelile.

UMnuz Mkhize ugxeke ukuhlala kwabasebenzi isikhathi eside beyitoho ezinkampanini, athi kumele kuqedwe nya ngoba kuwukuzixhaphaza.

“Asikwamukeli ukuhlukunyezwa kwabasebenzi asebeneminyaka eminingi bengotoho, okungabaniki amalungelo aphelele nokungaphathwa kahle kwabo, njengenonyana ngeke sithule nje,” kusho uMnuz Mkhize.

Ngesikhathi exoxa neKZN Eyethu uveze ukuthi iCosatu ayisenalungu embonini yezinkukhu, uthe abakaliphosi ithawula.



UMNUZ Edwin Mkhize ekhuluma nabasebenzi bakwaRainbow ngesikhathi benomhlangano eMagaba Hall eHamarsdale ngeSonto. Isithombe: Mthandeni Madlala.

Ubesececa ukuthi lomkhankaso ungowokuzwa ngezikhatho zabasebenzi abasabhekana nazo emisebenzini yabo.

Kulo mhlango kumenyezwe ukuthi uRainbow nenkampani eyiqashela abasebenzi (broker) uCapacity bafake ngokuhlanganyela isamba sesi- R1 million esikhwameni sokuthuthukisa amakhono abadiliziwe.

Akugcinanga njengoba uMnuz Scott Pitman ongumqondisi kule nkampani ekhiphe ephaketheni lakhe uR500 000 okwenze kwaba yi-R1.5 million.

Okhulumela iFAWU

kulenkampani uMnuz Japhta Malinga uthi lokhu abakwenzile kuzosiza labo basebenzi abadiliziwe ukuze bangahlali bengenzi lutho.

Uphethe ngokuthi kulindeleke ukuthi kusasa ngoLwesine bahlangane noMnyango wezokuThuthukiswa kwezoMnotho nezokuVakasha kaMnuz Sihle Zikalala ukuthola izindlela zokwengeza ngosizo lwabadiliziwe

IFAWU ihlele ukhukhulela ngoqo wemashi eya ePitoli ezobe iphikisana nezinkukhu ezivela ngaphandle ukwenza uhulumeni avikele imisebenzi yabakuleli.

UNEDBANK UXHASE ABAYOQALA ENYUVESI



IMEYA yeTheku uNkk Zandile Gumede emukela isheke likaR150 000 kuMnuz Terence Sibiya waseNedbank elizosiza abafundi abangaphansi koMkhandlu weTheku abayoqala enyuvesi. Isithombe: Zama Mathonsi.

Zama Mathonsi

UNEDBANK uxhase uMkhandlu weTheku ngoR150 000 ozolekelela kubafundi abayoqala kunoma yiyiphi inyuvesi futhi abangezubekelwa mbandela ngezifundo abazozifunda.

Lokhu kuvele emcimbini wokuklonyeliswa kwabafundi bakamatikuletshe baka-2016 obuse-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre (ICC) maduzane nje.

Le libhange lisezinhlelweni zokuqala isikhwama esizolekelela abafundi ukuthi bathole nokuya ngasethunjini uma besesikoleni, bangacini nje ngokuthola umfundaze.

Umphathi webhange iNedbank Mnuz Terence Sibiya utshele le liphephandaba ukuthi

ngonyaka ozayo bazosungula lesi sikhwama.

“Sibonile ukuthi umfundaze awukwazi ukufinyelela kuzona zonke izidingo zabafundi, kukhona abantwana abasuka emakhaya bengadlile.”

“Kuyinto enzima ukuthi baqhubeka nokufunda belambile, nathi siyakwazi ukuhlupheka yingakho sisungule lesi sikhwama,” kubeka uMnuz Sibiya.

Uqhubeke ngokuthi ngokufaka kwabo isandla kwezemfundo bayalibona isasasa ngoba sebekhiqize odokotela, othisha nabanye.

Abafundi nabazali abafisa ukuthola lo lusizo kufanele babheke amafomu aphuma kwiGagasi okuyiphephandaba likaMasipala phakathi kuka-Agasti noSeptemba njalo.

EZESIFUNDAZWE

KUSOLWA IMISHANGUZO NGOBHUCUKELWE YISIKHUMBA

Kubonwa ngokusa kuSlindokuhle Shabalala (13) waseSnathing okusolwa ukuthi unikezwe imishanguzo engafanele egcine imbhucula umzimba wonke. Unina walo mfana ofunda uGrade 7, uNksz Thandeka Shabalala (42), uthe akazi kumele enzenjani ukuze kusizakale ingane yakhe.

UNGQONGQOSHE UKHATHAZEKILE NGOKUHLASELWA KWENDABUKO

UNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zoMdabu KwaZulu-Natali, uNkk Nomusa Dube – Ncube, uzwakalise ukukhathazeka ngokudutshulwa kwamakhosi nezinduna kulesi siFundazwe. UNkk Dube-Ncube ukusho lokhu ngemuva kokubulawa kwendodana yenduna

yakwaNyavu, eMkhambathini, uMnuz Vusumuzi Mthethwa obuye abenguSihlalo wezinduna KwaZulu-Natali, okusolakala ukuthi ubulawe ngamadoda athumele uyise umlayezo wokuthi uzofa kanti uma engatholakali kuzobulawa amadodana akhe.

KUPHUME ISIDUMBU NGESIKWELETU

Ushaqekile umndeni waMnuz Muzi Gumede (34) waseMaHlongwa, eMkhomazi, odutshulwe nguzakwabo kubangwa isikweletu somngani wakhe. Unina kamufi uNkk Purity Gumede- Mqadi, uthe bashaqekile ngesihluku indodana yakhe ebulewe ngaso. Okhulumela amaphoyisa aKwaZulu-Natali uLt Colonel Thulani Zwane uthe umsolwa kulindeleke ukuba avele enkantolo yaseMbumbulu ngecala lokubulala.

UZINIKELE OBULALE OWAYEYINTOMBI YAKHE

Uzinikele emaphoyiseni owesilisa oneminyaka engama-29 obhekene necala lokubulala uNksz Akhona Ngxokana (31) ayethandana naye ehostela laseMlazi, iGlebelands. Okhulumela amaphoyisa aKwaZulu-Natali uLt Colonel Thulani Zwane, uthe umsolwa uzovela enkantolo maduze. UMnuz Mxolisi Kaunda uNgqongqoshe woMnyango wezokuPhepha nokuThutha KwaZulu-Natali uthumele isitatimende kwabezindaba encoma ukubambisana kwemizila emibili eqinisekisa ukuphepha ehostela.

UVALO KUBULAWA INDODANA YENDUNA EBISONGELWA

UNovalo umndeni kaSihlalo weziNduna zaKwaZulu Natali, uMnuz Vusumuzi Mthethwa, ngemuva kokudutshulwa kukaMnuz Thobani Mthethwa (29) ngentululwane yezinhlamvu

isendleleni ebheke ekhaya. Ngokusho kukaMnuz Mthethwa indodana yakhe iqale ngokushiya ezinye izingane esebenza nazo, kuthe isiphuma kozishiya kwavumbuka amadoda angaziwa adedela inhlamvu ebhekise emotweni yayo yaze yayobhajwa esihlahleni. Okhulumela amaphoyisa aKwaZulu-Natali uLt Colonel Thulani Zwane, usiqinisekisile lesi selho sokubulawa kukaMthethwa.

BAGCWALE ISIBHEDLELA ABADLE INYAMA YENKOMO

Kusolwa inyama yenkomo eqedelwe igula okuthiwa idliwe isalukazi sashona kwathi inqwaba yamalungu omphakathi asesigodini saseGxalabeni, eNhlwathi, KwaHlabisa yaphuthunyiswa esibhedlela ikhishwa yizisu. Ikhansela lakule ndawo uMnuz Bonginkosi Manqele, lithe: “Ngokomthetho wodokotela bathi ayihlatshwa

inkomo esanda kujovwa kodwa kufanele ulinda izinsuku eziyi-14 ngoba ushevu womjovo usuke ungakapheli egazini.

BEKUSESHA EMNGCWABENI WOBESOLWA NGEWUNGA

Beziqinile ezokuphepha emngcwabeni wabane kwabayisithupha abaqothwa ngenhlamvu endlini ababehleli kuyo eGeorgedale, eHamarsdale ngempelasonto edlule. Izihlobo nabangani bebephume ngobuningi ukuzovalelisa okokugcina kobesolwa ngokudayisa iwunga uMnuz Siyanda Kubheka (26), umfowabo uMnuz Sipelele Kubheka (36), umshana wakhe uNksz Hlengiwe Dubazana (20) nentombi yakhe uNksz Nonhlanhla Mthlane (22). Amaphoyisa abekanise ngaphandle kweGeorgedale Community Hall, esesha zonke izimoto nabantu abebhambele umngcwabo ngeSonto.

UDJ WASEMLAZI UBONGA IMPUMELELO NGESINGILI YAKHE

Sabelo Ngema

UYAZIGQAJA uDj Flebza ngengoma ethi “Foreign Love esimfaka ezindaweni abengazitshela ukuthi angadlala kuzona njengasemsakazweni iGagasi noKhozi FM nemicimbi eyahlukene.

Lo Dj igama lakhe langempela uSwelihle Ngubane (26) ungowokuzalwa eMid-Illovo esigodini saseMahlamvini kodwa usezinze eMlazi kwa P.

Uthi igama lengoma yakhe entsha ithi 'Uthando' izophuma ngoMashi 25.

“Ngiyibhalele umuntu wesifazane engimthandayo, uPhumelele Ndaba waKwaDabeka,” kusho uDj Flebza.

Uqale ukwenza lomsebenzi wokujabulisa abantu ngo 2010 edlala ezindaweni ezahlukene okubalwa i-58 eku-Albany Road, iHavana Nite Club, iCappelo ekuFlorida Road nase-Amos Ghetto Lounge eseMaoti.

“Sengiyiqedile isingili yami ezophuma ngoFebhuwari kanti isingivulele iminyango emningi enginesiqiniseko sokuthi iTheku lizoyijabulele lengoma ngoba ishaya ngesigqi sakhona eThekwini,” kusho uDj Flebza.

Uthi lonyaka uwuqale kahle kakhulu ngoba usebenza



Dj Flebza ubonga impumelelo yeSingili yokuqala mumva nje usekhiphe enye esihloko sithi Uthando. Isithombe: Sabelo Ngema

nabantu abathembayo futhi abanenqubekela phambili.

Kule ngoma entsha usebenza no-Emza wodumo lwengoma ethi “S’bhamu Samanzi” nethi ama-“Angels” ayenze noBar.

Uphethe ngokuthi ingoma izotholakala ezinkundleni

zokuxhumana amasonto amabili mahhala.

KwiLink utholakala enambeni yakhe yocingo emva kwalokho izodayisa ku-Itune. Ungamthinta ku 084 709 69 20.

OWEHLAYA KUMA-IDOLS SA UKHUTHAZA INTSHA



Owawina kowe-Wooden Mic 2016 uMnuz Mbhishop Shezi waseMzimkhulu nomlandeli wakhe uNksz Nokwanda Ntuli ePlayhouse eThekwini ngoMgqibelo. Isithombe: Thobile Zwane

Thobile Zwane

UMBHISHOP Shezi waseMzimkhulu owaphenduka ihlaya emphakathini ecula kuma-Idols SA Season 12 Wooden Mic, ukhuthaza intsha ngokusheshi idikibale.

Uyala intsha ngokuthi ukwehluleka kunoma yini umuntu asuke eyenza, akusho ukuphela komhlaba, kodwa akube yithuba lokuzama ukwenza kangcono kohluleke kukona.

Ukhuluma kanje uMnuz Shezi yingoba aphenyuka ihlaya kwabanye ngenkathi eqokelwa emkhakheni wabacula kabi kuma-Idols SA Wooden Mic, maqede wadla umhlanganiso.

“Abanye babethi ngingcolise igama lendawo engiphuma kuyo kodwa ngazama ukubuyisa isithunzi emphakathini, baqala abanye ukuziqhenya ngami, ngoba ukuwina kulo mcintiswano

kwashintsha konke njengoba babengithatha njengomuntu ozimisele,” kusho uMnuz Shezi.

I-Wooden Mic ilaba baculi abasuke behlungwe ekuqaleni komncintiswano ngenkathi kunehlolokhono nokuyilabo abangaculi kahle, abasuke bezibhedela futhi behlekisa amajaji.

“Lokhu kwangigugquzela kakhulu njengomuntu ukuthi uma ufisa ukwenza okuthile uqale uhluleke, ujuluke uze uphumelele,” kusho uMnuz Shezi.

Utshela i-KZN Eyethu ukuthi uma abantu beqhamuka nemidanso yabo efana no-ballroom dance, behamba nabantu babo emincintiswaneni yomphakathi yena ubefika ezihambela yedwa, edansa ngesambulela sakhe ihholo lihlokome.

Lo somahlanya uthi ufunda unyaka wesibili weziq zePhilosophy enyuvesi

yaseNingizimu Afrika (UNISA).

Uthi kwakunzima ukuba nejaji elinguSomizi Mhlongo esiteji ngoba iculo wayengalazi leli ababelicula.

“Ingoma bengayazi kodwa kwahamba kahle, ngiyamncoma uSomizi ngoba ukwenza ukhululeke, ungumuntu ozilungele, wabona ukuthi umculo ngiyawazi sasingekho isidingo sokuthi siqale silicule eceleni (rehearsal),” kuqhuba okaDlaba.

Uthi intsha yangakubo yamuseka kakhulu ewinile kuma-idols futhi yaphinde yathandwa ngabantu bangaphandle.

Uphethe ngokuyala intsha esuke ize kule nhlokhono ngokubekezela futhi izilungiselele.

Uthi akusho ukuthi uma bengakhethwanga kulonyaka sekuwuphela komhlaba, basengabuya ngonyaka ozayo bezozama futhi.

INKAKHA USHABAKA UDLALA ERAINBOW

Sabelo Ngema

INKAKHA yeJazz uShabaka Hutchings (32) ongumdlali waphesheya kwezilwandle eLondon nongumdlali we-Saxophonia, uzodlala ngokuhlanganyela nabaculi bakuleli ekhonsathini eliseRainbow Restaurant ePinetown ngeSonto.

Uzodlala esiteji namaciko akuleli okubalwa kuwo uMthunzi Mvubu odlala icilongo, uTumi Mogorosi odlala izigumbu, u-Ariel Zamonsky odlala isiginci esikhulu (Double bass).

USya Mthembu ocula phambili no Gontse Makhene odlala ugubhu oluncane bonke asebeke badlala kulendawo.

Le nkakha engagcini nje ngokudlala i-Sax kuphela nengaqali ukufika kuleli iphinde ibe ngumqambi wezingoma.

Ungomunye weqembu

elibizwa ngeLondon's Community of Young Jazz Musicians.

Ukuza kwakhe ngapha kuzoba wusizo kubaculi bakuleli abasafufusa ngoba kuningi abangakufunda kuyela.

Uthi ubudlelwane bakhe bomculo buzoqhubeka buqine kakhulu nokuhlanganisa amasiko.

Uzalelwe eLondon wakhulela eBarbados, ufunde umculo eneminyaka eyisithupha, waze wafinyelele kweyi-16.

Uneqembu lakhe elibizwa nge Sons of Kemet elanqoba indondo yeMOBO Award for Jazz Act of the Year ngo 2013.

Useke wahlanganyela neSun Ra Arkestra wacula nabo, waqopha neBBC Radio 3.

Wacula ngokuhlanganyela neCourtney Pine's Jazz Warriors, Mulatu Astatke neHeliocentrics, Polar Bear ne Soweto Kinch.

Amathikithi ayatholakala khona eRainbow ngo R120 noma ku: www.webtickets.co.za

EZIKAQEDISIZUNGU



LUNDI TYAMARA

Sesiphinde sagqemeka engeqiwa ntwala futhi endimeni yomculo njengoba sesishiywe y ilensizwa edlule emhlabeni ngoLwesihlanu ekuseni ngemuva kokugula isikhathi eside. Akukapholi ngisho izilonda zokushona kukaNewane sekwenzeka lokhu futhi. Kanti

senzeni thina kangaka ngempela? Kungani kwenzeka loku ebantwini abalungile ? Ulale ngokuthula Lundi uyibekile induku ebandla. Ukulwile ukulwa okuhle kwasemhlabeni zize zikuhlangabeze izingelosi zezulu.



MINNIE DLAMINI

Ngasho kodwa ngathi ayikho lento yomuntu ongavele ayeke umsebenzi nje esikhaleni engakatholi lutho. INtombi yoMzulu yashiya phansi ku-SABC Sport yathi ifuna ukuqhubekela phambili kanti yona isiyazi ukuthi isithole umsebenzi kwa Supersport. Siyakubongela Minnie ubusisiwe bandla ziningi kakhulu izinto ezinhle ezenzekayo empilweni yakho kodwa ave usemncane. Sengathi ungaqhubeka njalo uphumelele kukho konke okufunayo.



EMTEE

Eyi kodwa Nkosi yami yini ngempela osaziwayo nokuxabana esidlangaleni ngento engekho. Ngizwa kuthiwa umrepha okuthiwa uCruz Afrika ubhale iculo ngentombi ka-Emtee eyithuka nokuthiwa uyinyathele emsileni ngesikhathi esefaka nengane ka-Emtee. Kuthiwa u-Emtee umfonelile wangalubamba ucingo washiya umyalezo othi ‘uzonya’ . UCruz Afrika uvele wabizela

u-Emtee amaphoyisa cabanga lol. Uyadelela kodwa futhi uyigwala uzokugxoba u-Emtee bhasobha kwaaa.

BONANG MATHEBA

Ake sincome nayi intokazi ebonakala kwabezindaba ngazo zonke izizathu ezingalungile kulezi zinsuku. UQueen B unikezele abafundi abayi-10 ngemifundaze iBonang Matheba Bursaries ukuba bayoqhubeka nezifundo zabo. Yinhle lento oyenzayo ukusiza abantu besifazane abasebancane ukuba bafeze amaphupho abo . Siyabonga kakhulu uma ungaqhuba kanje ungaya phambili uhluwane nokuduma kabi ngoba abantu bazogcina bengasakuthandi.

IKAMVA YOUTH IBUYISA ITHEMBA KUBAFUNDI



Abafundi bakwaGrade 12 kwi-Ikamva Youth bangonyaka owdlule bejabulela ukuphumelela kwabo. Isithombe: Sithunyelwe

Thobile Zwane

INHLANGANO ebhaliswe ngokusemthethweni engatholi nzuzo ebizwa Ikamva Youth ithi umgomo wayo wukusiza abafundi ngomsebenzi wesikole nokubaphilisa imipolo ehloniphekile bazimisele futhi bangalahli ithemba ngenxa yezimo zasemakhaya.

Le nhlangano inamagatsha ayi-5 ezifundazweni ezahlukene okuyiWestern Cape, iGauteng, i-Eastern Cape, iKZN nase- North West.

Okhulumela lenhlangano egatsheni laseMlazi kwa-AA Library ongumxhumanisi uNksz N'thabiseng Zwane uthi inhloso yayo wukusiza abafundi ngazo zonke izidingo zabo "Inhloso yethu ukusiza abafundi abasesimweni esingasihle ngokolwazi, amakhono, ukuxhumana, ngezinsiza zokuthola ulwazi ngezemfundo ephakeme nezomsebenzi uma beqeda umatikuletsheni," kusho uNksz Zwane.

Utshela iKZN Eyethu ukuthi bayaziqhenya ngabantwana



Umxhumanisi kwi-Ikamva Youth uNksz Nthabiseng Zwane efundisa umfundi. Isithombe: Sithunyelwe

abasebenze nabo. .

"Izinga lokuphasa ngonyaka odlule libe ngama- 77% , kulezi zingane ezingama- 58% ezizongena ezikhungweni zemfundo ephakeme eziphuma egatsheni laseMlazi," kusho uNksz Zwane.

Uthi uma kuqala unyaka bavakashela izikole eziseduze negatsha bazazise ngohlelo lwabo bacele ukukhuluma nabafundi bakaGrade 9 kuya kuGrade 11. Abazithathi ezikaGrade 12

omusha ngoba bakhona abasuke bekhona abasohlelweni.

Uthi izingane ezizezinhlelweni zabo unyaka ngonyaka zifika e-150 noma ngaphezulu kuya ngomgomo wonyaka, bathatha abafike kuqala.

"Izingane esizithathayo asizikhethi ukuthi ziphuma kuziphi izikole, zonke zamukelekile yinqobo nje uma umntwana ezofika ngo 15:00

Udaba luqhubeka ngaphesheya

BALELE BENGALELE ABEBEKWINHLOLOKHONO YAMA-IDOLS



Bekugwele kanje ngaphandle kwabebelinde ukuyongena kwinhlolokhono yama-Idols SA Season 13 ePlayhouse eThekwini. Isithombe:Thobile Zwane



Bebejabule kanje bezithemba abebezozama inhlanhla kuma- Idols SA Season 13 uSenamile Mzimela (18) waKwaDukuza, uSibongiseni Msabala (21) waseMlazi kwaR noS'thuthukile Langa (16) waseMaritzburg. Isithombe:Thobile Zwane



Umethuli wama-Idols SA umculi uProverb Thekiso ebingelela abazokwenza inhlolokhono ePlayhouse eThekwini. Isithombe:Thobile Zwane

Thobile Zwane

ININGI labaculi baseThekwini namaphethelo bathi bafike ngoLwesihlanu ntambama njengoba bebefuna ukusheshe bangene ePlayhouse kwinhlolokhono ye-Idols SA Season 13 ebingoMgqibelo.

USibongiseni Msabala (21) waseMlazi kwa-R uthi yena ufike ngo 5 ntambama ngoLwesihlanu ezoma kulayini wenhlolokhono.

"Ngilalele khona la ngoba ngiyifuna lento, ngilambile futhi ngikhathele."

"Ngaphakathi sengibonana namajaji, ngicabanga ukuthi kuhambe kahle. Ngizazethemba ukuthi ngizodlulela kwisigaba esilandelayo ngoba namajaji abezihlekela futhi ekhululekile," kusho uMsabala.

UThabiso Mbatha (17) ubuya okwesibili kulo mncintiswano, uthi uqale ukuzama inhlanhla kuma-Idols eneminyaka eyi-16, usezizwa sengathi iphimbo lakhe selikulungele ukuthi angawina.

"Ngizizwa sengathi ngingawanika lento ayidingayo amajaji, ukucula bukhoma kuyinto engithanda ukuyenza

futhi uNkulunkulu ungilethe la ukuzoculela abantu," kusho uMbatha.

Obesephuma kwinhlolo khono uSenamile Mzimela (18) waKwaDukuza uthi kuhambe kahle kakhulu ngoba namajaji abekhululekile.

"Angenze ngazizwa ngikhululekile kakhulu ngoba ngingene ngaphakathi nginovalu kodwa amajaji abenobungani."

"Ngizodlulela kwisigaba esilandelayo ngoba ngiyakholwa ukuthi ngicula kahle futhi ngingaba i-Idol elandelayo," kusho uMzimela.

Okhulumela abakwa-Mnet u-Emmah Ngomane uthi izolo e ngoLwesithathu bekuhlungwa abazongena esigabeni esilandelayo kwabaseThekwini. Kuzobe sekunamajaji oSomizi Mhlango, Unathi Msengana, Rendall Abrahams nejaji elizobe livakashile uPhat Joe.

Inhlolokhono elandelayo iseCarnival City Casino Entertainment World eGoli, azoqala ngo 7 ekuseni kuya ku 17:00 ntambama ngoMgqibelo mhlaka 4.

TIRHANI
AUCTIONEERS


ABSA
REPO AUCTION

**Sedans , SUVs, Minibus
& all makes and models**

DATE: 8 Feb 2017 **Time:** 11H00
VENUE: 20 Hunter Street, Durban
GPS: -29.7810 / 31.0044
VIEWING: Monday 6 Feb @ 10h00 - 16h00
Tuesday 7 Feb @ 08h00 - 16h00

www.tirhani.co.za **011 608 2280**
auction@tirhani.co.za **CONTACT:** Tsitso - 082 575 1164

For onsite, competitive finance contact
Dineshnee Naidoo on 083 381 2303



UMA UFUNA UKUKHANGISA
KULELI PHEPHANDABA, SHAYELA
031 716 4525

COMPLIANCE: This advert complies with CPA and can be obtained from our offices or downloaded from www.tirhani.co.za. **AUCTION TYPE:** Reserved-No Vendor Bidding. **REGISTRATION:** All prospective bidders must register and provide proof of identity (ID) and proof of residence. **REG. FEE:** R5,000-00. **VAT:** 14% on hammer price. **BUYERS COMMISSION:** None. **ADMIN FEE:** R2,000 Incl. **VAT. PAYMENT:** EFT only, strictly no cash and cheques. **Auctioneer:** Tirhani Mabunda

ISIBHAKABHAKA WUMKHAWULO – UMBHALI WENCWADI ENTSHA



Umbhali wencwadi waseMlazi uNksz Nompumelelo Gcaba. Isithombe: Sithunyelwe

Thobele Nzama

“**UKHUKHULA** kanzima kungenze lo onginguye namhlanje,” Lona ngumbono wombhali wencwadi entsha ebizwa ngokuthi “Hidden Treasures of the Cross”, ebhalwe nguNksz Nompumelelo Gcaba. Le ncwadi entsha yamaKrestu isekela umbhalo waseBhayibhelini kaMatewu 16:24, lapho uJesu kubafundi bakhe akhuluma kanje: “Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe, angilande.” “Le ncwadi iphendula umbuzo obuzwa ngabaningi, ukuthi siyini isiphambano sikaKrestu? Siyiswa kuphi uma ususithathile, siphathwa kanjani nokuthi senzani,” Namhlanje ungumbhali wencwadi enike abanengi ugqozi ekukholweni nase mpilweni kepha uNksz Gcaba uthi kwakungelula ukukhuliswa ngunina nje vo. “Ngazalelwa khona la eMlazi ngaphansi kwezimo ezinzima ekhaya. Umama ubenokuthola amatoho lapha nalaphaya. Sikhule singenakho okutheni kodwa wasifundisa ngenkolo empilweni,” kusho le ntokazi yakwa M-Section, echaza isifundo asitholile empilweni. Iphinde ithi ikhule unina ebatshela ukuthi: Sky the limit”, isibhakabhaka yiwona umkhawulo. Uthe yikho okwamenza wakwazi ukubekezela futhi wazilondoloza. “Ngifisa intsha yazi ukuthi impumelelo ayiyi ngokuthi uphuma kuphi kepha kubalulekile ukuzazi ukuthi ufanani, bese ufaka amandla akho ukuzisondeza kulelo phupho lakho,” uyachaza.

Le ntokazi eneminyaka engama-26 ithi ukubhala leli bhuku kwakuyiphupho elagcina lifezekile, yize yahlangabezana nezingqinamba ilibhala. “Kwakukhona ukungazethembi, ngikhule ngikuthanda ukufunda nokubhala kodwa kuthe sengibhala le ncwadi, ngaba nokuzingabaza. “Kubenokuthi akujwayelekile umuntu omusha akhethe ukubhala ngezenkolo,” kusho uNksz Gcaba. Uthi waphumelela umatikuletsheni wakhe Ogwini High School wabe eseqhubekela e-University of KwaZulu-Natal lapho athola khona iziqu ze Bcom Accounting, njengama uqhubeka ngeBcom Economics. Uthi yize efundele okunye enyuvesi, uthi ukubhala kuwubizo kuye kanti akageceni ekubhaleni nje kuphela. UNksz Gcaba uphinde abe ngusomabhizinisi nomsunguli weVirtuous Women okuyinhlangano yabesimame abaxoxa ngezincwadi (book club?). Ufisa ukufinyelela entsheni ngobuningi bayo ayigququzele ngokufeza amaphupho ayo. Uthi abanengi ku Facebook bangazi engumbhali wezincwadi eziyi-100, yingoba yiphupho lakhe lelo kanti uzibona elifeza. “Ngikholelwa ekutheni uma ngikwazi ukubona into ngamehlo engqondo, ngingayifeza,” kusho uNksz Gcaba. Amakhophi ale ncwadi ayatholakala e-Adams Booksellers eThekwini, kwi: website www.myAfricabuy.com. Ungaxhumana naye ngqo ku Facebook ku @Nompumelelo Afrika Gcaba.

IKAMVA YOUTH IBUYISA ITHEMBA KUBAFUNDI

Udaba lusuka ekhasini 6

ntambama egatsheni eliseMlazi uma ephuma esikoleni,” kusho uNksz Zwane. Kungenwa kusukela ngo 15:00 kuya ku 17:00 ntambama ngoMsombuluko nangoLwesithathu kwabakaGrade 9 no-10. NgoLwesibili nangoLwesine uGrade 11 no 12 ngesikhathi esifanayo kuthi ngoMgqibelo kube u 9 ekuseni kuya 12

emini kuwo wonke amaGrade. Uthi banohlelo olubizwa nge“peer to peer support” lapho abafundi besizana bodwa. Baphinde babenohlelo ababanika kulo ulwazi ngemikhakha eyahlukene yokufunda, nangokuphila ezekhompyutha. Bathi onesifiso sokuzofunda kule ligatsha makafike eLibrary ekwa AA, athole ifomu azoligwalisa maqede alibuyise aqale ukufunda mahala.

PDAC 25 KM CHALLENGE

Imiphumela yabagijimi yangempelasonto

- Lahee Park NgeSonto Abesilisa 25km**
1. Sipho Mbanjwa (Boxer AC) 1:21:36; 2. Mziwenkosi Mjaja (Nedbank AC) 1:22:17; 3. Lindokuhle Sithole (Phantane AC) 1:22:37
Abaneminyaka engama-35 kuya kwengama-39:
1. Sikumboza Dlamini (Maxed Elite) 1:24:03
Abaneminyaka engama-40 kuya kwengama-49:
1. Jonathan Edwards (West AC) 1:26:38
Abaneminyaka engama-50 kuya kwengama-59:
1. Phakama Shezi (Nedbank) 1:39:08
Abaneminyaka engama-60+:
1. De Villers Oberholtzer (Toti AC) 1:54:07
- Abesifazane 25km:**
1. Jenna Challenor (KPMG) 1:30:21; 2. Shelly Young (Chiltern AC) 1:42:49; 3. Carey-Anne Smith (Nedbank AC) 1:45:51
- Abaneminyaka engama-35 kuya kwengama-39:
1. Jenna Challenor KPMG 1:30:21
Abaneminyaka engama-40 kuya kwengama-49:
1. Shani Silver (Boxer AC) 1:48:53
Abaneminyaka engama-50 kuya kwengama-59:
1. Roshini Natasen (Highway AC) 2:05:56
Abaneminyaka engama-60 kuya kwengama-69:
1. Sheree Kirsten (West AC) 2:25:43
- Abesilisa abahambayo 25km:**
1. Nonhlanhla Khanyile (SANDF) 2:18:21; Oxley Afrika (Boxer AC) 2:37:15; 3. Rajeinlall Dhanlall (Save Orian) N/T
- Abesifazane:**
1. Pam Corlett (Highway AC) 3:02:54; Sue Young (Highway AC) N/T; 2. Delsie du Buissan (Riverside AC) 3:14:00

ICESA

SUCCESS & NOTHING LESS

JOB INTERVIEW TRAINING GUARANTEED* (*Ts & Cs apply)

REGISTER AT ICESA AND RECEIVE A FREE HUAWEI T1 7" TABLET WITH FREE DATA* (*Ts & Cs apply)

CHOOSE FROM THESE DYNAMIC CAREER OPTIONS:

- Public Relations
- Marketing
- Human Resources
- Public Management
- Accounting
- Business Management
- Journalism
- Travel & Tourism
- Information Technology
- Secretarial Studies
- Hospitality
- Engineering

ICESA STYLE:

- Small Classes – Individual Attention
- English Bridging Classes
- Central City Locations
- Free Wi-Fi
- Academic Advising Centre



2017 REGISTRATIONS NOW OPEN

EXTENDED REGISTRATION HOURS INCLUDING WEEKENDS | PARENTS WELCOME

ICESA City Campus (Pty) Ltd is registered with the Department of Higher Education and Training (DHET) as a Private Higher Education Institution under the Higher Education Act, 1997, and accredited by the Council on Higher Education (CHE). Registration Certificate No: 2000/HE07/001.

Management and Leadership Academy (Pty) Ltd is provisionally registered with the Department of Higher Education and Training as a private college under the Continuing Education and Training Act, No. 16 of 2006. Registration Certificate No: 2008/FE07/111 (FET). Management and Leadership Academy (Pty) Ltd is also provisionally accredited by Umalusi, the Quality Council for General and Further Education and Training. Registration Number: FET0041SPA (Durban) and FET00462PA (Pietermaritzburg). Management and Leadership Academy (Pty) Ltd is further accredited by City & Guilds (Centre number 843269).

UMA UFUNA UKUKHANGISA KULELI PHEPHANDABA, SHAYELA 031 716 4525

8

EZEMIDLALO

umlazi Eyethu • 03 Febhuwari 2017

KWETHULWE ISIKHWAMA SOKUHLONIPHA USUGAR RAY XULU

**Nash Ngcobo
noZama Mathonsi**

UDOKOTELA

kwezikanobhutshuzwayo u-Ephraim Jomo Sono uhambe emazwini eKZN Eyethu okuthi isikhwama sokubhekela impilo engeyinhle kaCedric “Sugar Ray” Xulu, asibhekele nabanye abasesimweni esifanayo kodwa abangagqamanga njengaye.

Lokhu uSono ukusho emcimbini wokwethulwa kwalesi sikhwama esibizwa ngeSugar Ray Xulu Legacy Programme ezogcina ngokusungulwa kweSugar Ray Foundation emcimbini obuse-ICC eThekwini ngoLwesihlanu ekuseni.

Le liphephandaba belibike ukuthi kungakuhle lesi sikhwama singasizi uSugar Ray kuphela kodwa sisize nabanye abadlali abazogcina bedinga usizo njengaye.

UXulu ubengumdlali owenze okwehlukile edlalela iSA Black XI lapho alandwa isipesheli, iSA White XI ibhilitile ingabanike thuba abamnyama ngo-1973.

UFike kulo mdlalo washaya igoli lokuqala nelokugcina kuRussell Crinkshank owayala ukhasha emapalini eqembu labamhlophe, umdlalo waphela ngo-3-1.

Ngakusasa wabamba indiza waya eThekwini, AmaZulu ebhinciselwe nxanye



AmaZulu Fc athule isikhwama esizolekelela impilo kaloyo owabamba iqhaza kuleliqembhu uSugar Ray Xulu ngakwesokunxele uFred Mfeka elandelwa uJomo Sono, uCedric Sugar Ray Xulu, uCllr Zama Sokhabase, uClive Barker, uJabu Sokhela noPeter O’Connor. Isithombe: Sithunyelwe.

yiBloemfontein Celtics eyayihamba phambili ngo-1-0 KwaMashu (Princess Magogo) Stadium.

Wangena ngesiwombe sesibili, washaya igoli lokulinganisa kwaba ngu-1-1, lwasinda kanjalo uSuthu emlonyeni wengwenya.

USugar Ray uhlonishiwe emikhakheni eyahlukene ngebhola lakhe, kodwa lokho akumakhelanga mali.

UXulu usebenze kanzima

ematekisini esethathe umhlalaphansi, wafundisa abafana bakhe, ebakhela ikusasa eliqhakazile, elungiselela izinsuku ezifana nalezi.

Kulo mcimbi obungoLwesihlanu bekukhona izingqalabutho ezifana noClive Barker noSono, uFred “The Cat” Mfeka nabanye.

“Sifuna ukuqinisekisa ukuthi isimo sempilo kaSugar Ray sinakekeliwe kuphinde kuhlunishwe negalelo abenalo kuleli.

Imali ezotholakala emdlalweni waMaZulu neReal Kings oKwaMashu ngoFebhuwari 26, izoqala isikhwama sokulekelela uXulu,” kubeka uSokhela.

Kulo mdlalo amasango azovulwa ngo 10 ekuseni, kanti kuzovulwa ithuba lokunikela kulesi sikhwama.

Uqhubeke ngokuthi uRay wanqobela iKwaZulu-Natali indebe yeKeg League yeNPSL egijima no- Eric “Nduna Kandaba” Ngidi, uFred Mfeka

nabanye.

Kuwo lomdlalo kuzoba nesikhathi salabo abafuna ukuphonsa esivivaneni ngenhloso yokunyusa lesi sikhwama.

Kulabo abasheshe bathenga amathikithi bazothola isaphulelo azobiza uR15 kanti ukungena ngamaR20 izingane ezingaphansi kweminyaka eyi-12 zizokhokha R10, (VIP) R200 kubalwa nokuya ngasethunjini.

IBINESASASA EYENETBALL QUAD SERIES ETHEKWINI

**SAB REGIONAL LEAGUE 2016/2017 SEASON
CENTRAL STREAM SECOND ROUND
FIXTURES**

IQEMBU laseNingizimu Afrika (Proteas) elishaywe yi-England (The Rose) ngo- 60-55 kwiNetball Quad Series eqale ngoMgqibelo e-Inkosi Albert Luthuli Convention Centre eThekwini ephela izolo ngoLwesibili.

Kwabamile kusukela kwesokunxele nguPhumza Maweni, uKarla Mostert, uZanele Vimbela, uLenize Potgieter, uVanes-Mari du Toit, u-Izette Lubbe, u-Erin Burger noLindie Lombard, ABAPHAMBILI uPrecious Mthembu, uBongiwe Msomi ukaputeni, uRenske Stoltz noJuline Rossouw. Isithombe: Mthandeni Madlala

NGOMGQIBELO

MUT vs Merewent Suburbs – Mangosuthu (11h00); Morningside Capital vs Folweni All Stars – George Campbell (11h00); Cherrians vs Chesterville United - Tara Road (13h00); Summerfield Dynamos vs Highflats United – Road 101 6(15h00); Golden Arrows vs Mageba Warriors – Mabhida Outerfields (10 h00).

NGESONTO

Jahman Stars vs MUT - Magabheni (15h00); Highflats United vs Young Cavaliers – Isipingo (15h00); Bayview United vs Summerfield Dynamos – Ground 1016(11h00) ; Chesterville United vs Dynamites – Chesterville (15h00); Merewent Aces vas Mageba Warriors – Tara Road (11h00); Merewent Suburbs vs Cherrian – Tara Road (15h00); Celtics vs Morningside Capital – Tara Road (13h00).

